**UMNYANGO WEMFUNDO WASEGAUTENG**

**UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI**

**ISIZULU ULIMI LWESIBILI**
**IZINGA ELIPHEZULU**
**(Iphepha Lesithathu)**

**ISIKHATHI: 2 amahora**

**IMIKLOMELO: 80**

---

**IMIYALO**:

- Leli phepha linezigaba ezintathu A, B no-C.
- Phendula umbuzo owodwa kuleso naleso sigaba.
- Imibuzo mayiphendulwe ngesiZulu.

---

## ISIGABA A

### UMBUZO 1

Khetha isihloko esisodwa kulezi ozinikiwe ubhale ngaso kugcwale **amakhasi amabili** noma kube amagama aphakathi kuka 250 – 300.

1.1 Amasu angalandelwa ekugqugquzeleni intsha ikhuthalele imfundo.

1.2 Uthisha ongihlabe umxhwele ngo – 2004.

1.3 Bheka isithombe esilandelayo ubhale indaba ngaso uphinde uyinike isihloko esifanele indaba yakho..



1.4 Bhala indaba ezoqala kanje: "**Liya ngokwehla izinga lomasipala emalokishini ethu** ......" Yinike isihloko indaba yakho.

1.5 Izikhukhula ezadlula nabaningi.

**IMIKLOMELO YESIGABA A: [40]**

## ISIGABA B

### UMBUZO 2

Khetha **okukodwa** kokulandelayo ubhale kugcwale ikhasi elilodwa (120 – 150).

2.1 Bhala incwadi eya kuSodolophu wangakini njengoba ukhethwe ukuba umele umphakathi, ufake isicelo sokufakelwa kompompi, nokulungiswa kwamaphayiphi amanzi njengoba lo muzi wanda kangaka.

2.2 Wena unomngane ophila negciwane lengculazi. Uyamthanda kakhulu. Uhlale umshayela ucingo noma umbhalele incwadi. Bhala incwadi eya kulo mngane wakho, umkhuthaze.

2.3 Bhala inkulumo – mpendulwano phakathi kuka Nkosikazi (Nks) Zikode, Mnumzane (Mnu) Zikode no Nonhlalonhle, ngenxa yesimo sempilo ka Nks Zikode ohlala eshaywa njalo futhi enganikwa nemali.

**IMIKLOMELO YESIGABA B: [20]**

## ISIGABA C

### UMBUZO 3

Khetha isihloko esisodwa kulezi ezilandelayo ubhale ugcwalise ikhasi noma amagama ayi (120 – 150).

3.1 Udle ubhedu ezifundweni zakho zebanga leshumi unezinhlanga zonke ezifundweni zesayensi nemathemathiksi. Yenza inkulumo yokubonga isikole njengoba wenzelwe umbungazo wokuvaleliswa ukuya phesheya.

3.2 Bhalela umfowenu ose Ningizimu Afrika i-e mail umazise ngohambo lwakho lokuya eMelika, lapho uyoqhubeka khona ngezifundo zakho zobudokotela.

3.3 Indodakazi yakho izobe ishada maduze, bhala izimemo eziya kubantu nemindeni. Bhala lesi simemo somshado, umeme abantu ababalulekile empilweni yendodakazi yakho.

**IMIKLOMELO YESIGABA C: [20]**

**IMIKLOMELO ISIYONKE: 80**

**ISIPHETHO**